www.kznonline.gov.za

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI USHICILELO 180 • Novemba 2015

# Kwethulwe uhlelo lokulwisana nendlala kwaMaphumulo



Indawo yaKwaMaphumulo ingezinye zezindawo zaKwaZulu- Natali ezibalwa njengezihlaselwe kakhulu ububha, ukwesweleka kwemisebenzi kanye nesomiso. Ezinye kubalwa kuzo iNkandla kanye nendawo yaseMsinga.

**XOLISWA MNGUNI**

UNdunankulu waKwaZulu-Natali, uMnu. Senzo Mchunu, wethule ngokusemthethweni ukhukhulelangoqo wohlelo olubizwa nge Jikijela Project oludle isizumbulu semali engu-R3.4 million ngenhloso yokulwisana nendlala ehlasele indawo yakwaMaphumulo. jikijela Project, engudukathole wensimu ongamahektha angaphezu kwa-50 agudle izinhlangothi zombili zomfula uThukela, yethulwe njengohlelo lokuqala ngqa ezinhlelweni ezingaphansi kwe-Poverty Eradication Masterplan okuhloswe ngalo ukulwisana nendlala esiFundazweni saKwaZulu Natali. UMchunu ubehambele lo mcimbi kanye nethimba lakhe labaphathiswa okubalwa kubo owezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnu. Cyril Xaba, owezeMpilo, uDkt. Sibongiseni Dhlomo, owezeMfundo, uNksz. Peggy Nkonyeni kanye nowezamaCiko namaSiko, uNksz. Ntombikayise Sabhidla-Saphetha.

Indawo yaKwaMaphumulo ingezinye zezindawo zaKwaZulu-Natali ezibalwa njengezihlaselwe kakhulu ububha, ukwesweleka kwemisebenzi kanye nesomiso.

Ezinye kubalwa kuzo iNkandla kanye nendawo yaseMsinga. Lolu hlelo lusungulwe ngonyaka ka-2011 emuva kokuba kubonakalile ukuthi lungayisebenzela kakhulu indawo yakwaMaphumulo ekuheheni abantu nge-Agri-Tourism ikakhulukazi njengoba lensimu isemngceleni weziFunda ezintathu, uThukela, Ilembe noThungulu.

BHEKA IKHASI 3

# OKUNGAPHAKATHI








## KWETHULWE UHLELO LOKULWISANA NENDLALA KWAMAPHUMULO

### IKHASI 3

Ngo-2013 le projekthi ibe seyiqala ukukhiqiza futhi idayisele izikole nomphakathi imifino, amaklabishi, otamatisi, amasolozi, amazambane nopelepele emuva kokuthola ukuxhaswa nguMnyango.

## KUHLONISHWA AMAQHAWE EZEMIDLALO KUMA 2015 KZN SPORTS AWARDS

### IKHASI 5

Kuzohlonishwa amaqhawe ahlabene kwezemidlalo enhlobonhlobo nabeka isifundazwe saKwaZulu-Natali esicongweni emcimbini we-KwaZulu-Natal Sports Awards ozokuba ngenyanga ezayo.

## KUVULWE IHHOVISI LAMALAYISENSI OKUTHUTHA UMPHAKATHI EMNAMBITHI

### IKHASI 6

Ukuhamba phakathi kweVryheid noMgungundlovu eyolungisa okuphathelene nelayisensi yokuthutha umphakathi sekuyinto yayizolo kuMnuz Timothy Dlamini weVryheid Taxi Association njengoba uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuvule ngokomthetho ihhovisi lamalayisensi okuthutha umphakathi eMnambithi.

## OWEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI USAMUKELE ESIKADILIKAJELE KWABABULALE IZIHLOBO ZABO

### IKHASI 8

Nakuba ukubulawa kwabantu ngesihluku kungeyona into eyamukelekile, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, uthe siyanelisa isigwebo sika dilikajele esinikwe amadoda amabili abulele amalungu omndeni wakwaMncwabe angamashumi ayisishiyagalombili elele muva nje.

## KUBUNJWA ABANTU ABASHA NGENKAMBU

### IKHASI 13

Inyanga kaMfumfu (October) ingenye yezingeke zilibaleke etsheneni engamakhulu amabili namashumi amahlanu (250) yakulesifundazwe saKwaZulu-Natali ebiyingxenye yenkambu yentsha -iYouth Camp - ebiseMthunzini ogwini oluseNyakatho yesifundazwe.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO


Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma thami.ngwenya@kznpremier.gov.za.


**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**

**Umhleli omkhulu:** Thamsanqa Ngwenya
**Umhleli wezindaba:** Regi Khumalo
**Umhleli wamakhasi:** Bonga Khoza

**Abezithombe:**
Zandile Shange no Yolanda Zondi


© KZN Provincial Government

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



# KWETHULWE UHLELO LOKULWISANA NENDLALA KWAMAPHUMULO

Imihlaba engasetshenziswa esifundazweni kumele kube yiyona eyisizinda sozolimo futhi inikeze abantu ithuba lokuba bazibonakalise.

**XOLISWA MNGUNI**

Ngo-2013 le projekthi ibe seyiqala ukukhiqiza futhi idayisele izikole nomphakathi imifino, amaklabishi, otamatisi, amasolozi, amazambane nopelepele emuva kokuthola ukuxhaswa nguMnyango.

USihlalo weJikijela Project, uMnuz Sibusiso Shangase, uthe ukuze kuphumelele ukuba kusebenziseke ngempumelelo umhlaba ogudle umfula uThukela kwadingeka ukuba kuhlanganiswe umhlaba wezinhlangano zabalimi ezahlukene okubalwa kuzo iVukuzakhe, Thuthukani, Zibuse, Mambulu, Uthandolwesizwe kanye neNsuze zabizwa ngeJikijela Project.

"Sithokozile ngempumelelo yalolu hlelo futhi sithanda ukubonga indlela uMnyango wezoLimo osisingathe ngayo kusukela ekuqaleni kwale project. Basixhase ngocingo ngo-R1 million wokubiyela, uR1 million wamapitsi, uR1 million wenkasa kanye no-R400 000 wokufuya izimbuzi," kusho uShangase.

UNgqongqoshe wezoLimo uMnuz Cyril Xaba uthe inhloso yalolu hlelo ukuthi kuqedwe indlala nokuntula,Kanye nobuphofu phakathi kwabantu ikakhulukazi kule ndawo yakwaMaphumulo.

Uthe uhulumeni uhlonze lama wadi ngenxa yokuthi izinga lobuphofu kuwo liphakeme kakhulu ngakho umsebenzi owenziwa yizinhlangano ukuqinisekisa ukuthi kuba khona ukudla kuvuleke namathuba emisebenzi ubaluleke kakhulu futhi udinga ukuthi ube yisibonelo nakweminye imiphakathi," kusho uXaba.

Imihlaba engasetshenziswa esifundazweni kumele kube yiyona eyisizinda sozolimo futhi inikeze abantu ithuba lokuba bazibonakalise, kugcizelela uXaba.

Ngakolunye uhlangothi uShangase uthi ihhovisi lomNyango KwaMaphumulo lakwazi ukuthi libakhulumele nenhloko-hhovisi ukuba kuvunywe ukuba babe nogandaganda obhekene ngqo nokusebenza le-projekthi nokuyikho athi kusize ekutheni umsebenzi uthuthukile ngendlela ehlelekile.

"Selokhu siqalile ukusebenza eminyakeni emibili edlule, iJikijela Project isiqashe abantu



abangaphezulu kuka-130 kanti iningi labo ngabantu besifazane abayizinhloko zemizi yabo," kusho uShangase.

Uqhube wathi abangu-100 bahlomula ngamathuba emisebenzi ngenkathi kusasiphulwa isihlahla kulungiswa umhlaba nangesikhathi sokubiya kanti manje baqashe abantu abangu-24 abasebenza kuyo mihla yonke.

UShangase uthe manje iJikijela Project isinesivumelwano ne-Enterprise Ilembe okuyiyo ethenga imikhiqizo yabo kanti uthi njalo baqasha abanye abantu abayitoho abengeziwe uma sekuyisikhathi sokuvuna.

# Isakhubunye iyisibonelo esihle kubalimi abafuya izinkomo ezindaweni zasemakhaya

**SIMPHIWE NDWANDWE**

**NJENGOBA** sezihubela sakusha, unyaka usubheke emaphethelweni, izinhlangano eziningi ezingaphansi kukahulumeni nezizimele seziyaqoqa futhi zibuka ukuthi zisebenze kanjani selokhu kuqale unyaka. Kanjalo neminyango kahulumeni eminingi amehlo isiwathe njo enyakeni ozokwethwasa futhi manje kubukwa ukuthi yini okumele yenziwe zisuka nje amadaka ngonyaka ozayo.

Ngakolunye uhlangothi uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esifundazweni oholwa nguMnuz Cyril Xaba nawo umatasatasa uhlabela mgama nezinhlelo zawo zokuphucula impilo yabantu basemakhaya.

UMnyango uzimisele ngokusonga unyaka ushaya ngegiya eliphezulu. Muva nje amabombo abebhekiswe eMkhomazi, ogwini oluseNingizimu yesifundazwe, lapho bekuhanjiswe izidingo zabafuyi bakuleya ndawo.

UMnyango ukhiphe imbenambena yenkunzi wayigixabeza abafuyi baseMkhunya, abazibiza ngeSakhubunye, ngenhloso yokuba yandise imbewu yezinkomo zamaNguni ezinogazi kubafuyi besizwe sakwaZulu. Le nkunzi iyinxube yeBhulamani neNguni yingakho iyisigansonso. Lesi kube yisinyathelo esinqala



*UNdunankulu waseKZN, uMnuz Senzo Mchunu, benoNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Cyril Xaba, nabafuyi bebuka inkunzi uMnyango wezoLimo oyiboleke abafuyi baseMkhunya abangaphansi kweSakhubunye Cooperative*

esenziwe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya oholwa nguMhlonishwa uMnuz Cyril Xaba njengalokhu kuqiniswa imizamo yokwesekelwa kwabafuyi abasazama ukuzimela ngezinyawo.

Le nkunzi, embala wayo umasavutshiwe, inikezwe inhlangano yomphakathi engumfelandawonye ebizwa ngokuthi iSakhubunye Project okuyiyona esekhaleni lokukhuthaza ukufuya ngenhgloso yokudayisa eMkhunya wonkana.

Uyibona ngisho ihlaba usentu ukuthi alufakwa lubuya nodaka njengoba isho ngezikhwepha ezinkulu, emilenzeni iyizigaxa kanti ilunda layo ngathi yidwala uqobo.

UNdunankulu wesiFundazwe, uMnuz Senzo Mchunu, uthe lokhu ukuqala kwezinhlelo ezinqala okuhloswe ngazo ukuthi kuqinisekiswe ukuthi imiphakathi yasemakhaya ihlomula ngendlela ecacile kwezolimo. UMnuz Vusi Ncwane, onguNobhala wale nhlangano, uthe ukulethwa kwale nkunzi sekuwukuqala kokufezeka kwamaphupho abo kwazise babecele izinkunzi eziyisihlanu zohlobo eMnyangweni.

Njengoba sebethole lena nje uthe uNgqongqoshe uXaba uthe uma isimo sendawo sivuma bangaphinde bathole uxhaso lwezinkomo zohlobo lwe-Bonsmara kanye namaBhulamani. IBonsmara yinkunzimalanga yenkomo eshayayo ephaketheni uma uyithenga njengalokhu ingabiza kusuka ku-R20 000 uma isikhule yaba yiduna. Inkunzi ingabiza ize ifinyelele ku-R200 000 iyodwa uma kungeyohlobo olusezingeni eliphezulu ngempela. UMnyango unohlelo ophezu kwalo lokuba kunikezwe izinhlangano zabafuyi ezihleleke kahle izinkunzi zohlobo ngenhloso yokuba kwandiswe izinkomo zenyama.

Lokhu kwenziwa ngoba uMnyango, ohlelweni lwawo lokusebenza, ugqugquzela ukuba imfuyo ithathwe njengebhizinisi ngakho-ke ukunikezwa kwezinhlangano zabafuyi izinkomo zohlobo kuyokwenza ukuba zikhiqize inzalo eshaya into ecokeme ezikalini eziqagula amanani emfuyo lapho kubanjwe izindali. Inkunzi izohlala iminyaka emithathu nenhlangano bese iyasuka ukuze kungenzeki ukuthi igcine isikhwela inzalo yayo.

Uma inhlangano yabafuyi izimisele ngokuba uMnyango uyinikeze inkunzi kudingeka ukuthi yenze i-business plan ehlabahlosile okuyothi uma isicutshunguliwe uMnyango wahlabeka umxhwele bese labo abahola inhlangano bayokwenza izethulo phambi kwekomiti lomnyango elibhekele ukukhishwa kwezinkomo ziyiswe kubantu. Kuqhamuka le nkunzi nje kade besanda kuqeda ukujabula ngenxa yokuphela kocingo olungamahektha angu-547 ocingo ababiyelwe ngalo nguMnyango ukuze bakwazi ukuthi benze lo msebenzi wabo ngaphandle kokuba imfuyo ibe wuvanzi.

Ngaphambi kokuba kuqale le projekthi yonke indawo osekwakhiwe kuyo inkambu kwakuyindawo eyayihlaselwe kakhulu ngusandanezwe okwaze kwadingeka ukuba kuqashwe abantu bagence izimila ezingafanele ezazimile kule ndawo. Ingu-R4.5 million imali esetshenziswe kuzo zonke lezi zinhlelo ukukhathula lemisebenzi.

Lo msebenzi uvule amathuba emisebenzi angu-12 entsheni yendawo.

Ukuqalwa kwalezi zinhlelo kufana nokwethula abantu bakule ndawo isiphambano ehlombe njengalokhu inhlupheko ibhokile.

Ngokwezibalo ezikhiswe kamuva zikaHulumeni ezibheka amazinga enhlupheko kuvele ukuthi isimo sobubha laphayana sibi kakhulu futhi sidinga ukufakelwa izibuko.



*Kusuka kwesokunxele yiNkosi uZondo, Induna uMnuz Henry Nyawo, uNdunankulu uMnuz Senzo Mchunu, uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Cyril Xaba, umholi womphakathi uMnuz Ndwandwe, iLungu elihloniphekile lesiShayamthetho saKwaZulu-Natali, uNkk Lindiwe Bebe ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni isigayo sommbila eMaphophoma*

# EZOLIMO ZINGUMGOGODLA WEMPILO ENGCONO EZIZWENI ZONKE

■ Izinhlangano zezolimo ezithe chithi saka sonke isifundazwe ezilandela umyalo uNkulunkulu awunika u-Adamu no-Eva zihleka zodwa manje ngoba seziyabusiswa ngokulalela kwazo uNkulunkulu.

**SIMPHIWE NDWANDWE**

Umlando webhayibheli uthi kwathi lapho u-Adamu ne-Eva sebonile ensimini yase-Edeni bedle isithelo esasiphakathi nensimu okwakuthiwe bangasilokothi, uNkulunkulu wabaxosha kule nsimu.

Esebaxoshile wabe esebaqalekisa waphinde wabanika imiyalo ababeyophila ngokulandela yona uma sebengaphandle kwensimu yase-Edeni.

Omunye wale miyalo wawuthi bayosebenza umhlabathi baze baconse izithukuthuku ngoba babengeke besakwazi ukuphila ngokudla izithelo ezaziyinala ensimini yase-Edeni.

Nanamuhla lokhu kusenjengoba umyalo wawushilo. Uma isizwe singawusebenzi umhlabathi sibhubhiswa yindlala.

Noma ngabe abantu besizwe esithile bayathanda noma abathandi kodwa kuyaphoqa ukuthi kuyiwe emasimini kuyolinywa ukuze kutholakale okuya ngasethunjini.

Isizwe esesiwulahlile lo myalelo owakhishwa nguNkulunkulu sibonakala ngombala nje ukuthi cha asilimi ngoba indlala nenhlupheko ibuzwa kuso.

Eqinisweni kusihambela kabi leso sizwe ngoba sisuke singasahambisani nomyalelo kaThixo wokuba sisebenze kanzima sidle izithukuthuku zaso sisebenza umhlabathi.

Kuvama ubugebengu nobunswelaboya kuleso sizwe futhi abantu baso baba ngabantu abangenanembeza kwesinye isikhathi baze babe zinkunzimalanga zamasela.

Ngakolunye uhlangothi imiphakathi enezisekelo ezijulile kwezolimo futhi ezikhandlayo ibonakala ngokuchuma nokuthi iphile impilo echichimayo yomacaphunakusale futhi yondla izizwe zonke zomhlaba.

UNdunankulu wesiFundazwe uMnuz Senzo Mchunu noNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa koMphakathi eKZN, uMnuz Cyril Xaba, kuba sengathi umyalo kaNkulunkulu usankeneneza ezindlebeni zabo njengoba unjalo uma ubuka indlela abakusukumele ngayo ukulima kweleMbube.

Bekungakapholi namaseko kade behambise ogandaganda eMpendle lapho beshiye khona abayisithupha ezinhlanganweni ezilima amapulazi omphakathi sebebuye bakuphinda futhi lokho njengalokhu beshiye abanye ogandaganda KwaNongoma naseNhlwathi kwaHlabisa.

Akungatshazwa ukuthi inqola emasondosondo yentuthuko yezolimo iyashosholoza KwaZulu-Natali kulezi zinsuku.

Izinhlangano zezolimo ezithe chithi saka sonke isifundazwe ezilandela umyalo uNkulunkulu awunika u-Adamu no-Eva zihleka zodwa manje ngoba seziyabusiswa ngokulalela kwazo uNkulunkulu.

EMaphophoma akugcinwanga nje ngokuba kushiywe ogandaganda kodwa kubuywe kwavulwa ngokusemthethweni isigayo sommbila esiseqophelweni eliphezulu.

Isigayo siqhamuke esikhathini lapho nokudla kumba eqolo ezitolo futhi isaka lempuphu lijulukisa indoda ngendlela elibiza ngayo.

Ngakho-ke ukuba nesigayo kwabantu baseMaphophoma abayingxenye yemfelandawonye olima amapulazi omphakathi kufana nokushaya izinyoni eziningi ngetshe elilodwa.

Lo mphakathi usungalima ummbila uphinde uzigayele udayise impuphu ngale ndlela kuvuleke amathuba emisebenzi.

UNdunankulu uMacingwane ekhuluma kulo mcimbi uthe iphutha elikhulu ebelenzeka ekuqaleni kwaba wukuthi uMnyango wezoLimo kube yiwona ohola abantu ngokubalimela bese imiphakathi yona iba yizibukeli.

“Uma kuyisikhathi sokutshala abantu bebevele bashayele ucingo eMnyangweni bethi sicela uzosilimela.

Ufike nangempela umnyango uzolima. Uma sekufuneka kuvunwe baphinde batshele umnyango ukuthi uzovuna.

Kuso sonke lesi simo uyabona ukuthi abantu babukela umnyango wenza konke bona ababona abalimi. Manjenake sifuna ukukuguqula lokhu,” kusho uMchunu.

Uthe uma imiphakathi ibheke uhulumeni ngaso sonke isikhathi akekho umuntu oyoba ngumlimi.

Enkulumweni yakhe uthe labo ababethi uhulumeni uyakhuluma, uthembise bese ungenzi lutho sebethule manje ngoba amathe asebuyele kwasifuba uhulumeni uyasebenza impela emiphakathini yabantu basemakhaya.

Isidingo sokuthi umuntu ayothenga edolobheni ezitolo ezingakwazi nokulima sekumele kube yinto engumlando.

“Lapha sakha ithuba lokuthi abantu baphakele bona izitolo ngomhlaba abanawo kunokuthi bondliwe yizitolo ekubeni umhlaba benawo.

Lolu wusuku olukhulu kithi esifundazweni nakubantu basemaphophoma ngoba kumele abantu bavikelwe ebuphofini nasendlaleni kwazise sebesebenza umhlaba wabo obakhiqizela ukudla futhi ubakhele umnotho.

Bazochuma baphile ukuphila okuchichimayo abantu bakule ndawo.” Kusho uMchunu.

UMnuz Cyril Xaba uthe into eyenza yena noMnyango wakhe bashabasheke ukuthi uNdunankulu wahlaba ikhwelo lokuba kwenziwe uguquko olunqala endleleni okuqhutshwa ngayo ezolimo KwaZulu-Natali.

Okusemqoka eMaphophoma ukuba kuguqulwe indlela yokuphila kwabantu ngokuba kuqinisekiswe ukuthi abantu bathola usizo abalidingayo ukuze bashintshe imali yabo.

“Abantu bathi uhulumeni akazilethi izidingo zemiphakathi kodwa lokhu okwenzekayo kukhomba ngokusobala ukuthi uyasha umsebenzi.

Sifuna ukufaka inkasa ezodonsa amanzi emfuleni ukuze kuhlale kutshaliwe kule ndawo zonke izikhathi zonyaka.

UHulumeni kaMacingwane uhlonze neminye iminyango ukuba ibambisane kulethwe izidingo zabantu.

Ezolimo ziseqhulwini lwalokhu,” kusho uXaba.

Uthe umhlaba ozosetshenzwa ungamahektha angu-200 futhi leya ndawo izophakela uNongoma wonke kuze kukapakele nakwezinye izindawo.

Ilinganiselwa ku-R6 million imali izinhlangano zolimo ezizohlukaniselana yona ngamavawusha okuthenga imbewu, umanyolo nokuba kuholelwe abashayeli bogandaganda futhi kuthengwe nodizili. Ngelanga elilandelo ithimba likaNdunankulu noNgqongqoshe uNonkosi libe selibhekisa amabombo eNhlwathi KwaHlabisa nakhona lemukelwe ngemikikizo namakhwelo njengoba belilethe iguquko empilweni yabantu.

Kule ndawo kushiywe ogandaganda abayisithupha abazosetshenziswa yizinhlangano zomphakathi ezimbili ezizibandakanye nezolimo. Ingqikithi yawo wonke lo msebenzi owenziwa uNonkosi ngokubambisana noNdunankulu wukuba umkhakha wezolimo uzalwe kabusha futhi abantu bawubheke ngamanye amehlo ezindaweni zasemakhaya.

Khona-ke ukuphila kwabantu KwaZulu-Natali kuyochichima futhi bayoba yisizwe esingadingi lutho kodwa esikhiqizela ezinye izizwe ukudla.

Izinhlangano uma lolu hlelo ziluthathe ngokukhulu ukuzimisela, zabambisana kahle nohulumeni kulezi zinhlelo ezizoza izigaba ezahlukene, abantu bayohlale bebambe ongezansi uma bebuka izinkalo ziluhlaza.

Futhi ukuphumelela kwalolu hlelo kuyokubeka kube sobala ukuthi asikho isizwe esiqalekisiwe kodwa izizwe zonke ukuze zichume futhi zibe nesithunzi kumelwe zilandele umyalo owanikwa u-Adamu no-Eva, okungokhokho bazo zonke izizwe, wokuba basebenze umhlabathi ukuze impilo ilethe injabulo nokuqabuleka.

Impilo echichimayo nenhlalo engcono yikhona nhloso-ngqangi uhulumeni anayo ngabantu bonke KwaZulu-Natali.

# KUQINISWA UHLELO LOKWENZA NGCONO IMIGWAQO YOBHUQU EKZN

Ngiyajabula kakhulu ukuthi kulo Mnyango sibe yingxenye yokufezekisa umbono kaHulumeni ukuba sinike izinkampani zasekhaya ithuba kuqala uma sithenga imishini yokusebenza

**SIBONGISENI THABETHE**

Kulindeleke ukuba lenyuke ngesivinini izinga lokwakhiwa nokunakekelwa kwemigwaqo yobhuqu, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya KwaZulu-Natal.

Lokhu kulandela ukuthi uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu ethule ngokomthetho ogeleja abasha ceke abangu-30 asebesabalaliswe isifundazwe sonke.

Labo gandaganda bathengwe enkampanini yakwa-Bell Equipment Group ngenani lika-R69 million, uMchunu athe kuyisinyathelo asithathile ukuba uMnyango uthenge enkampanini yaseNingizimu Afrika ngenhloso yokubhekelela ukudaleka kwamathuba emisebenzi.

"Ngiyajabula kakhulu ukuthi kulo Mnyango sibe yingxenye yokufezekisa umbono kaHulumeni ukuba sinike izinkampani zasekhaya ithuba kuqala uma sithenga imishini yokusebenza ukuze kukhuliswe umnotho wezwe lethu.

"Eminyakeni embalwa edlule ngathola ukukhathazeka ezinhlakeni ezimele abasebenzi zikhala ngezinhlelo zokudilizwa kwa-Bell Equipment.

Yingakho lokhu kuthenga kwethu kule nkampani kungukuphendula kubasebenzi ukuthi njengoHulumeni siyithathela phezulu indaba yokulungisa izimo ukuze kukhule umnotho wethu," kusho uMchunu.

Ngaphezulu kokuhlinzeka ngemishini yokuphuthumisa ukulungiswa kwemigwaqo yobhuqu, uMchunu uveze nokuthi uMnyango usugcwalise izikhala ezingu-362 zabashayeli bogeleja kanti uphezu kwezinhlelo zokwengeza ngabangu-222 esikhathini esizayo.

UMchunu uveza lokhu nje, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ubhekele imigwaqo yobhuqu engamakhilomitha angu-23 960 isifundazwe sonke.

Ukuze ihlale isesimweni le migwaqo idinga ogeleja abaningi ukwenza lowo msebenzi.

"Kukhona futhi abanye ogeleja abangu-22 bakwa-Volvo abezayo uMnyango obathenge ngesamba sika-R53 milllion, okuzokwenza babe ngu-52 ogeleja abasha abasabalaliswe isifundazwe sonke.

"Ngonyaka wezimali ozayo ka-2016/17, sihlele ukuthenga abanye abangu-36, okusho ukuthi eminyekeni emibili yezimali sizokuba nogeleja abangu-88 abasha," kwengeza uMchunu.

"Ngiyajabula kakhulu ukuthi kulo Mnyango sibe yingxenye yokufezekisa umbono kaHulumeni ukuba sinike izinkampani zasekhaya ithuba kuqala uma sithenga".



*Ingxenye yogeleja abangu-30 abasha uMnyango wezokuThutha obathenge enkampanini yakwa-Bell Equipment ngenhloso yokwenza ngcono imigwaqo yobhuqu esifundazweni.* ***Isithombe:*** ***SBU ZUNGU***

# Kuhlonishwa amaqhawe ezemidlalo kuma 2015 KZN Sports Awards

Kuzohlonishwa amaqhawe ahlabene kwezemidlalo enhlobonhlobo nabeka isifundazwe saKwaZulu-Natali esicongweni emcimbini we-KwaZulu-Natal Sports Awards ozokuba ngenyanga ezayo.

Lomcimbi uzokuba se-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre eThekwini, ngoMgqibelo mhlaka, 14 November 2015.

Uhlelo lokuqokwa nokuhlungwa kwemingenelo seluqalile kanti kunemikhakha eyi-18 okuzoqokwa kuzo. Ithimba lamajaji lizoqoka abathathu emkhakheni ngamunye bese kuqokwa oyedwa ozonqoba.

Amalunga omphakathi nawo azokuba nalo ithuba lokuvotela umkhakha weSports Personality of the Year ngenombolo yomqhafazo (sms) ezomenyezelwa khona maduze nje.

UNgqongqoshe wezoBuciko, amaSiko, ezeMidlalo nokuNgcebeleka, uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha uthe lomcimbi wokuklomelisa uyahambisana nezinhloso zeNational Sport and Development Plan eyalela uMnyango wezeMidlalo nokuNgcebeleka ukuba ubhekelele futhi uhloniphe amaqhawe ezemidlalo atshengisa ukuhlabana kwezemidlalo ezinhlobonhlobo.

"Siyakujabulela ukubamba lomcimbi wamaSports Awards osokungo kwesithathu selokhu sawavuselela ngo 2013.

Leli yithuba lethu lokubonga nokuhlonipha labo ababambe iqhaza ekuthuthukisweni kwezemidlalo esiFundazweni saKwaZulu-Natali, okubalwa abadlali nabaphathi.

Lemiklomelo iyathuthuka minyaka yonke kanti silindele ukuba ibe sezingeni eliphezulu kulonyaka," kusho uSibhidla-Saphetha.




PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

**UMGUBHO WEMINYAKA**
EYISHUMI KULIWA NESIFO SENGCULAZI

UNdunankulu waKwaZulu-Natali, uMhlonishwa uSenzo Mchunu, ephelezelwa uNgqongqoshe wezeMpilo, uDkt Sibongiseni Dhlomo, umema umphakathi owakhele uMasipala waseRichmond namaphethelo emcimbini wokugubha iminyaka evile kweyishumi yokulwa nesifo sengculazi.

Lapha isifunda saKwaZulu-Natali siqhakambisa ukuphumelela kwaso ngokuba nabantu abangaphezu kwesigidi abathola imishanguzo nokumanje impilo yabo isiyenziwe yayinde futhi yangcono.

**Imininingwane yalomcimbi imi kanje:**

13 November 2015

**09h00**

Silahla Sportsground, eRichmond

Izinto zokuthutha zihleliwe, umphakathi ungaxhumana namaKhansela endawo.
Abazohambela lomcimbi niyanxuswa ukuba bangafaki umfaniswano wezepolitiki.

"SIDIDIYELA INQUBEKELA PHAMBILI ESESIYIZUZILE, NOKUKHUPHULA IZINGA UKUZUZA IZINGUQUKO KWEZENHLALO NEZOMNOTHO UKUZE SIQEDE **INDLALA** KULESI SIKHATHI SAMANJE"

KZN Provincial Communications_2015




*Livulwe ngokusemthethweni ihhovisi lamayisensi okuthutha umphakathi eMnambithi njengoba kubonakala uMeya wesiFunda sasoThukela uKhansela Dudu Mazibuko noMnuz Willies Mchunu behalalisa.*
***Isithombe:** ZINGISA HLATHI*

# KUVULWE IHHOVISI LAMALAYISENSI OKUTHUTHA UMPHAKATHI EMNAMBITHI

Uma kukhona imininingwane esale ekhaya ngephutha sengingahamba ngiyilande ngibuye kungakavalwa emahhovisi. Ibanga selincishisiwe ngempela manje,"kusho uDlamini.

**THABO MAILE NOSIBONGISENI THABETHE**

Ukuhamba phakathi kweVryheid noMgungundlovu eyolungisa okuphathelene nelayisensi yokuthutha umphakathi sekuyinto yayizolo kuMnuz Timothy Dlamini weVryheid Taxi Association njengoba uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuvule ngokomthetho ihhovisi lamalayisensi okuthutha umphakathi eMnambithi.

UDlamini obejabule kakhulu ube ngowokuqala ukwemukeliswa ilayisensi yakhe nguNgqongqoshe wezokuThutha uMnuz Willies Mchunu ngenkathi kunomcimbi wokuvula amahhovisi muva nje.

Uthe kumthathe ihora elilodwa ukuhamba esuka eVryheid eya eMnambithi okungafani naphambilini lapho bekumele ahambe amahora amane eya eMgungundlovu.

"Uma kukhona imininingwane esale ekhaya ngephutha sengingahamba ngiyilande ngibuye kungakavalwa emahhovisi. Ibanga selincishisiwe ngempela manje,"kusho uDlamini.

Ekhuluma emcimbini wokuvula la mahhovisi e-Provincial Regulatory Entity (PRE), uMchunu uthe lokhu kuyigxathu eliya phambili embonini yokuthutha umphakathi.

"Leli hhovisi lizoqinisekisa ukuthi izithuthi okungamatekisi, amabhasi, ama-metre taxi nabathutha izivakashi abasebenza ezindaweni ezisizwa lapha basebenza ngokusemthethweni.

"Lokhu kuzogwema udlame nokungqubuzana okungenasidingo okuhlale kubonakala kule mboni.

Kuzophinda kusheshise uhlelo lokukhishwa kwamalayisensi kuqinisekise ukuthi imboni ibuswa ngumthetho," kusho uMchunu.

UMchunu uthe uMnyango usazoqhubeka nokusabalalisa amahhovisi nakwezinye izifunda.

Usho kanjena nje, ngonyaka odlule kuvulwe elaseMpangeni kanti nasePort Shepstone selikhona. Kulindeleke ukuba kube nelinye futhi eJozini maduze nje.

"Okunye okumqoka ngokukhishwa kwezimvume zokusebenza kwamatekisi, wukuthi abantu ababa yizisulu zezingozi bazosizakala kakhulu ngoba uma belimale etekisini engenayo imvume yokuba semngwaqeni i-Road Accident Fund (RAF) ayikhokhi nhlobo isinxephezelo.

"Yingakho nje sinezikhalazo eziningi ezivela kubantu bakithi abalimala ezingozini kodwa okuze kube manje abakhokhelwe ngoba izimoto abalimala behamba ngazo zisuke zingenawo amaphepha azigunyaza ukuthutha umphakathi,"kusho uMchunu.

Ube esenxusa ukuthi kube khona ukubambisana phakathi kukaHulumeni nabaphathi bemboni nalabo abasebenza kakhulu emarenki ukuthi ayingabi bikho imoto eqhubeka nokulayisha abantu uma ingenayo imvume ngoba lokho kuzoshiya nabantu besosizini.

Kuwona lo mcimbi uMchunu uphinde wahlanganyela noMeya wesiFunda uThukela uKhansela Dudu Mazibuko noMeya kaMasipala waseMnambithi uKhansela Vincent Madlala bavula ngokomthetho irenki yamatekisi entsha elokishini eZakheni eyakhiwe nguMasipala ngesamba sika-R6 million.

Kulokhu uMchunu ugcizelele ukuba kubhekwe uhlelo olucacile noluzosingethwa nguHulumeni lokugadwa kwerenki uma kunesidingo.

Uthe lokhu kumqoka ukuze kungabi khona abantu ababonakala sebephethe izinhlokohlela zezibhamu nababeka izimpilo zabantu engcupheni kodwa bengaziwa nokuthi bangobani, babika kubani.

"Lolu daba lokuthi uHulumeni athathe ukuphepha emarenki silwethulile kwiKhabhinethi yesifundazwe yasivumela ukuthi lapho kunezinkinga khona kumele ukuphepha kubuyele kuHulumeni.

Lokhu sikuqalile khona la kamakhelwane eNewcastle, ePort Shepstone naKwaMaphumulo siphezu kwalezo zinhlelo," kuphetha uMchunu.





# UHLELO LWEZOKUPHEPHA EMBONINI YOKUTHUTHA IMPAHLA

Njengamanje sesibheke ukulusabalalisa ikakhulukazi ezindaweni ezaziwa kakhulu ngokuba nezingozi, ama-hotspots," kuchaza uGumbi.

**THABO MAILE**

Emizamweni eqhubekayo yokwenza ngcono ezokuphepha emgwaqeni embonini yezokuthutha impahla, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuqhamuke nohlelo olusavivinywa olwaziwa nge-Simulator Driver Training, olugxile ekuthuthukiseni amakhono nezindlela zokuziphatha kubashayeli bezimoto ezinkulu.

Lolu hlelo luhlukaniswe izigaba ezimbili njengoba kukhona esokuqeqesha ngokwencwadi bese kuba ngesokuqeqesha ngokwenza ngezandla.

Ngaphansi kwesigaba sencwadi kusetshenziswa nobuchwepheshe bekhompyutha, E-learning, lapho kusetshenziswa ama-laptop ayi-touch screen egumbini lokufundela. Isigaba sokwenza ngezandla, Simulated Driving, yilapho umshayeli eqeqeshwa ekushayeleni iloli eliwubuchwepheshe.



*INhloko yoMnyango wezokuThutha uMnuz Sbusiso Gumbi efundiswa ngokusebenza kohlelo lokuqeqesha abashayeli bamaloli olwaziwa nge-Simulator Driver Training.* **Isithombe:** THABO MAILE

Leli loli elaziwa nge-truck simulator lingumahamba nendlwana ofakwe izinsiza ezenza umuntu abe ngoshayelayo ngempela ngenkathi ephakathi.

Ukusungulwa kwalolu hlelo kuthathelwe ohlelweni uThuthukisa Abashayeli, lapho kuba nomshayeli wonyaka ovelele ezimotweni ezinkulu.

Kubonakale kufanele ukuba kuguqulwe uThuthukisa Abashayeli, ukuze ufake uhlelo oluphelele oluzokwazi ukunikeza abashayeli ithuba lokwandisa ulwazi lwabo lokusebenzisa umgwaqo ngokuphepha baphinde bathuthukise namakhono abo.

INhloko yoMnyango wezokuThutha, uMnuz Sibusiso Gumbi osanda kuba yingxenye yomcimbi wokukhombisa ukusebenza kwaleli loli elisha uthe lokhu kuyigxathu elibalulekile njengoba isifundazwe saKwaZulu-Natal sisalokhu sibhekene nezingozi ezibandakanya amaloli emigwaqeni.

"Sikhuthaza zonke izinkampani ukuthi zithumele abashayeli ukuzoqeqeshwa okuzobasiza ekulungiseni isimo sabo sokushayela. Uma ungaphakathi kulo mshini oyiloli uzwa sengathi ungaphakathi elolini langempela njengoba lifakwe izihlalo zeloli namakhamera alokhu ekuqaphile ngenkathi ushayela," kusho uGumbi.

UGumbi uqhube wathi umthelela omuhle uzobonakala ngalolu qeqesho ngoba lubhekana ngqo nezidingo zabanikazi bezinkampani bese luba yinkundla ehlukile yokuthuthukisa abashayeli bamaloli.

"Njengamanje sesibheke ukulusabalalisa ikakhulukazi ezindaweni ezaziwa kakhulu ngokuba nezingozi, ama-hotspots," kuchaza uGumbi.



*Amabutho abephume ngobuningi bawo ngempelasonto emcimbini wokugqugquzela ukuthula noxolo emahostela aseGoli*

# Kugqugquzelwe ukuthula nokuzwana emahostela asegoli

**LUNGISANI GWALA**

Kuvunguza umoya woxolo nokuthula emaHostela amahlanu aseGoli akade ekhungethwe inkinga yokulwa nokubulalana kwabahlala kuwo abadabuka kwaZulu-Natal.

Lokhu kulandela isivumelwano soxolo phakathi kwalabo ekade belwa nesiqiniswe ngokuthi ngempelasonto edlule kubanjwe umgubho omkhulu eGoli wokusamukela.

Lomcimbi-obuhlelwe uHulumeni wakwaZulu-Natal ebambiseni nowise Gauteng, Amakhosi aseNdlunkulu,Kanye nezinduna obuthanyelwe izinkulungwane zabantu eHuntersfield, eGoli.

UNgqongqoshe wezokuphepha koMphakathi eGauteng UNkk Nkosi-Malobane, uthe izimpi eziqala emakhaya zigcina sezikapakela emaHostela kanjalo neziqala emaHostela ziqedelwa emakhaya uma sekungamaholidi kaNcibijane.

Uqhube wanxusa izinsizwa Kanye nezintombi ebezithamele lomcimbi ukuba zisebensisane noHulumeni ukulwa nobugebengu obuhlasele abantu abahlala emaHostela.

UNkosi-Malobane ubehambisana nozakwabo umphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu.

UMacingwane ubonge iSilo Samabandla Onke ngokujuba ithimba, eliholwa Izinduna, aBantwana baseNdlunkulu Kanye nabasebenzi boMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi.

"Ngibonga oNgangezwe Lakhe ngokuvuma ukuthi kubenalomcimbi wokwekhuza indlu yakithi uma ingqubuzana yodwa, ngokubikelwa amakhosi ezindawo ezithintekayo okubalwa kuwo iNquthu, Mtubatuba, kanye noNongoma.

Sisazobuye sifike sesiphelezela imbube isizofaka isigxivizo sokugcina kuloluxolo," kusho uMchunu.

UMchunu ukhumbuze izihambeli zalomcimbi ngodlame lwezepolitiki olwalukhona kwaZulu-Natal olwaluphakathi kwe ANC ne IFP olwaqeda abantu abaningi kodwa ekugcineni lwagcina seluphelile ngenxa yokuxoxisana.

"Siyazi ukuthi kusangenzeka ningezwane esikunxusayo ukuthi umakwenzeka nibhekana naleyonkinga, nihlale phansi nixoxisane ningathathi izikhali nibulalane ngoba impi ayibuyiseli kepha ivembela intuthuko," Kusho uMchunu.

UMchunu uqhube wathi lokungenelela abakusebenzise emaHostela ase Gauteng bazokusebenzisa nakulawo aseThekwini okuyi Glebelands Kanye nelakwaMashu.

UMnuz Lindani Khoza owongokudabuka eNquthu uthe balahlekelwa umfowabo omdala ngenxa yalezizimpi zasemaHostela.

"Ngithokoza kakhulu ngokuba khona kwalomcimbi wokuthelelana amanzi nokugezwa kwezinsizwa, khona nezinsizwa ezithintekayo zizophuma iqunga.

Isimo siyabheda ekhaya ngenxa yokuthi sashonelwa umfowethu omdala obekunguyena obesesibhekile ngoba abazali abasekho kodwa siyethemba ukuthi sizolithola usizo" kusho uKhoza.

# OWEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI USAMUKELE ESIKADILIKAJELE KWABABULALE IZIHLOBO ZABO

Uma izimo ezinjena zenzeka abasele ngemuva babhekana nenselelo yokulahlekelwa kanye nezindleko zokufihla abahambile emhlabeni ngendlela enesizotha.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi noNgqongqoshe wezeMpilo, uDokotela Sibongiseni Dhlomo, bekhuluma namalungu omndanei wakwaMncwabe ngesikhathi behambele indawo yaseMsinsini eMabheleni.*

Nakuba ukubulawa kwabantu ngesihluku kungeyona into eyamukelekile, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, uthe siyanelisa isigwebo sika dilikajele esinikwe amadoda amabili abulele amalungu omndeni wakwaMncwabe angamashumi ayisishiyagalombili elele muva nje.

UMnumzane Thulani Mncwabe nomfowabo uMnumzane Eric Mncwabe bagwetshwe odilikajele abayisikhombisa neminyaka engu-20 ngaphezulu ngokubulala laba asebengcwatshiwe kanti umndeni olahlekelwe kubikwa ukuthi usuphila ngokusaba ngoba awazi noma kusazophinda yini okwenzekile.

Laba ababili bazivumele bona ukuthi babashisile baphinde babagenca laba abashonile ngoba bekholwa ukuthi kukhona ukuthakathana okwenzekayo kulomndeni.wakwaMncwabe, wasendaweni eyaziwa ngokuthi iseMsinsini, eMabheleni, ngase Port Shepstone ogwini oluseNingizimu neKwaZulu-Natali.

Ungqongqoshe uThusi uthe: "Kuyadabukisa kakhulu ukushabalala kwalomndeni ngalendlela, kodwa siyawabonga amaphoyisa kanye nenkantolo ngokuba bakwazi ukubhekana nalolu daba ngokushesha njengoba nalabo ababulele sebesejele ngesenzo sabo esinesihluku'

Ebonga osomabhizinisi basesiFundeni saMkhandlu Ugu ubeke kanje: "Uma izimo ezinjena zenzeka abasele ngemuva babhekana nenselelo yokulahlekelwa kanye nezindleko zokufihla abahambile emhlabeni ngendlela enesizotha.

"Yingakho siphakamisa ukubonga kulomasipala kanye nakubangcwabi abahlanu, kuhlangene negaraji lakwa-Shell, izinkampani zezimoto zakwa Suzuki, Audi kanye ne Cyassound ngeminikelo yabo esizile ukuba amalunga alomndeni afihlwe ngendlela efanele.

Ngaphambi kokuba kufihlwe abashonile, uHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali uwuhambele lomndeni umelwe oNgqongqoshe ababili, okuhlanganisa uNgqongqoshe uThusi, kanye nowezeMpilo, uDokotela Sibongiseni Dhlomo.

ONgqongqoshe bethembisa umphakathi namalungu omndeni ukuthi iminyango abayiholayo, ibambisene nomasipala, inkosi nabo bonke ababambe iqhaza bazosebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi kuyaqhutshekwa nokulekelela umndeni nomndeni nomphakathi ukuthi uqhubeke nempilo ukwazi ukudlulisa lesi sigameko.

Baqhube bathi uhulumeni uzokwenza izinhlelo eziningi ezizolekelela ukubuyisela isimo endaweni. Laba basolwa bazalwa abafowabo abancane bakaMnumzane Mantinga Mncwabe (70) ongqongqiswe ngomlilo kulesi sigameko la okuphinde futhi kwabulawa noNkosikazi Shonisile Mncwabe (60), uNkosazana Phindile Mncwabe (35), uPhilasande (1), Amahle (3), Amanda (15), Andile (1) no-Aphiwe Mhlongo (3).

Kwesinye isigameko esifuze lesi, indoda iboshiwe emuva kokuqotha amalunga omndeni amathathu ngenganono ashona ngenxa yengxabano yezithandani.

Lendoda ibulale odadewabo bengoduso yayo kanye nosibali wengoduso.

Ingoduso isinde ngokulambisa kulesi sigameko.

Abashonile nguNkosikazi Zandile Molefe (48), umyeni wakhe, uMnumzane Siphokuhle Molefe (55), kanye Nkosazane Nompumelelo Ndwandwe (45), ababulawe bezosiza udadewabo ukuzolanda izimpahla zakhe emva kokuba esesukile emzini wabo nomsolwa.

Ezwa ngalesi sigameko, uNgqongqoshe uThusi uthumele osonhlalakahle ukuya kokweluleka amalunga omndeni ngokomqondo.

Usigxeke kakhulu lesi sehlakalo. "Enye yezinselelo esibhekene nayo emiphakathini yethu eyokubulalana kanye nokulimazana kwabantu abathandanayo ngenxa yokungathembani, ukumonazelana kanye nokungakwazi ukuthobelana," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Uthe uyabanxusa abantu besifazane ukuba bangahlali nezithandwa zabo uma zibahlukumeza ngisho ngabe bashadile noma abashadile, futhi benze isiqinisekiso sokuthi bayazishiya isikhathi sisekhona bengakalimali noma babulawe, zilimaze nomphakathi zishiye izibazi ezinhliziweni zabantu abakhele lowomphakathi."




# KUQEQESHWA ABEZEMPILO UKUXHUMANA NGOKWEZIMPAWU

**Okuseqinisweni ukuthi abantu abaphila nokukhubazeka nabo banezidingo zezempilo ezifana nezawo wonke umuntu ophilayo.**

**AGIZA HLONGWANE**

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo ukholelwa ukuthi akekho umuntu ophila nokukhubazeka okumele izindaba zakhe zezeMpilo zaziwe umuntu wesithathu ngenxa yokungakwazi ukuzikhulumela.

Emkhankasweni wokukuqeda nya lokhu, uDkt Dhlomo usememezele ukuthi emasontweni amabili ezayo naye usezokuba yingxenye yodokotela abazofundela ukuxhumana ngokwezimpawu (sign language).

UDkt Dhlomo uphinde wamemezela amasu anqala oMnyango wezempilo wokuqeqesha abahlengikazi, ama-therapists kanye nodokotela ukuba bafundele ukuxhumana ngalolu hlobo.

Ethula inkulumo yakhe ngesikhathi evula ngokusemthethweni ingqungquthelen yezinsuku ezintathu zabantu abaphila nokukhubazeka esibhedlela Inkosi Albert Luthuli, uDkt Dhlomo uthe uMnyango wezempilo KwaZulu-Natal usunabantu abangu-20 abasezibhedlela ezisemikhandlwini emihlanu asebevele baqalile ukusebenzisa ukutolika ngezandla.

"Ama-PROs; Admitting Clerks; Porters; nabasiza emakhemesi kanye nama-Porters nabo bangabanye okuhloswe ukuthi baqeqeshwe.

Lokhu kuseyisigaba sokuqala sokuqeqesha; sisazoqeqesha oDokotela, abahlangikazi kanye nama-therapist kanye nabanye eminyakeni emibili ezayo.

"Okuseqinisweni ukuthi abantu abaphila nokukhubazeka nabo banezidingo zezempilo ezifana nezawo wonke umuntu ophilayo.

Kulelizwe izinselelo ezibhekene nabantu abaphila nokukhubazeka zisenkulu kakhulu, ezikhathini ezinkingi ababhekelelwa ngisho nangamathuba emisebenzi kuze kufike nasekuhlinzekweni ngezidingo zezempilo."



*Ungqonqgoshe wezempilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo kanye noyiNhloko eMnyangweni wezempilo KwaZulu-Natal uDkt Sifiso Mtshali.*

Ngokombiko we-Statistics South Africa wango-2011, abantu abaphila nokukhubazeka bangu-7.5% kulelizwe. Kanti isifundazwe saKwaZulu-Natal singesesibili ngobukhulu eNingizimu Africa esinabantu abaphila nokukhubazeka njengoba bengu-8.4%.

UDkt Dhlomo uthi ngokubheka kwakhe ngezikhathi esezadlula zokwelekela nokusiza abantu abaphila nokukhubazeka zazisezindaweni zasemadolobheni kakhulu.

Lokhu kuchaza ukuthi abantu abaphila nokukhubazeka babelinda ubusuku bonke emabhentshini ezibhedlela zasemakhaya, ngaphambi kokuthi bahanjiswe ezibhedlela zasemadolobheni nalapho babezofike bethole izinhlelo ezizobasiza. Lokhu kwakuwukubahlukumeza uma kuzodingeka ukuthi bahlale balinde abantu baphele ngaphambi kokuthi babuyiselwe emuva ezibhedlela zasemakhaya ukuze bayophinde balinde futhi ezibhedlela ezisemakhaya.


Isimo sesiqala ukuba ngcono kakhulu ezindaweni zasemakhaya kulesisifundazwe, ikakhulukazi njengoba sekujutshwe abantu abazokwazi ukubasiza, njengoba kuveza uDkt Dhlomo ngokwenziwayo kulesi sifundazwe, okubalwa kukho lokhu:

- Njengamanje abantu abaqashwe ngokugcwele bangu 153 abangama-therapists kanye nama-therapists angu-171 athe chithi saka ahambela izikhungo ngohlelo lokuhambela imiphakathi;
- Kunamathimba abhekelele ukuthola abantu kanye nokuhlola abantu abaphila nokukhubazeka, aphinde abatholele izinsiza ezifanele;
- Ukusungulwa kwendawo eqeqesha ukufakelwa kwemilenze kanye nezandla ngokubambisana nesikhungo sezemfundo i-Durban University of Technology ukuqeqesha abafundi ukukwazi ukwenza izitho ezizosiza abaphila nokukhubazeka;
- Ngaphansi kobuholi bukaMhlonishwa uSenzo Mchunu muva nje kusanda kuvulwa isibhedlela samehlo, iMcCord Hospital njengesihamba phambili kulesisifundazwe.

UDkt Dhlomo uphinde waveza ukuthi ngenxa yokukhula kwezinga lezifo kulesi sifundazwe, kubalulekile ukuthi abaphila nokukhubazeka bangashiywa ngaphandle.

Uthi ukwanda kwabantu abaphila nokukhubazeka kwesinye isikhathi kubangelwa izingozi zezimoto ezehlela abantu, Isandulela gciwane negciwane layo HIV/AIDS, Isifo sofuba (TB), kanye nokukhulu ngesivinini kwezifo ezingathathelani, nanokuthi abantu baya bekhula.

UNgqongqoshe uDhlomo uncome kakhulu abayingxenye yalengqungquthela okufaka phakathi izisebenzi zezempilo kanye nabamele izinhlangano zezempilo ngokunjalo nabaphila nokukhubazeka, wathi mabaqhubeke basebenzisane.





*UNgqongqoshe wezoLimo uMnuz Cyril Xaba noMqondosi we-Nepad Agency uNksz Estherine Fotabong noSihlalo weBhodi yakwa-ADA uDkt Tshitshi Mbatha ngesikhathi bebuka izitende embukisweni obuyingxenye yengqungquthela*

# ABESIFAZANE BAKHUTHAZWE UKUBA BABHUKULE NGAMANDLA KWEZOLIMO E-AFRIKA

Ucwaningo olwenziwe yiHhovisi likaNdunankulu waKwazulu-Natali luveze ukuthi abesifazane bakhiqhiza ukudla okungango-60% kuya 80% emizini entulayo e-Afrika yonkana.

**XOLISWA MNGUNI no LONDIWE NGIDI**

Izithunywa abezihambele ingqungquthela yokucobelelana ngolwazi kubantu besifazane abaliqhamukisa e-Afrika yonkana iphakamise ukuba imbokodwe izibambe ziqine kulo mkhakha.

Njengoba abesifazane bebembe iqhaza elikhulu kwezolimo e-Afrika ukuze yonke imindeni yabo manje izinto sekumele ziguquke ngokusho kwezikhulu ebezithamele le ngqungquthela edonse izinsuku ezimbili.

Ucwaningo olwenziwe yiHhovisi likaNdunankulu waKwazulu-Natali luveze ukuthi abesifazane bakhiqhiza ukudla okungango-60% kuya 80% emizini entulayo e-Afrika yonkana.

Ingqungquthela yabesifazane, obese kungeyesibili, iqale ngoNovemba 3 kanti ize yasongwa ngosuku olulandelayo. Ingqikithi yezihloko ebezidingidwa lapha beyigxile ezinkingeni ezigubuzele isibhuda kuleli lizwekazi futhi kunomgomo wokuba kuqhanyukwe nezisombululo ezishaya emhloleni ukuze izithameli zibuyele emazweni azo zihlome ziphelele ngamasu azozisiza zithuthukise ezolimo emazweni azo.

Le ngqungquthela ibihlelwe wuhlaka olubhekele intuthuko e-Afrika i-New Partnership for Africa's Development (Nepad) ngokubambisana ne-Agribusiness Development Agency (ADA) engaphansi koMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali.

UNgqonqgoshe wezoLimo eKZN, uMnuz Cyril Xaba, uMnuz Martin Bwalya we-NEPAD, uDr Martha Mbatha, onguSihlalo webhodi le-ADA, uDr Tobias Takavarasha oyilunga le-FAO, uNksz Bodi Maal wenhlangano i-NORAD kanye noNksz Estherine Fotabong ongumqondisi we-NEPAD bebeyingxenye yezitatanyiswa ebezihambele le ngqungquthela.

UXaba uthe: "Ukuguqula izinto kwezoLimo esiFundazweni sishitshe indlela esisebenza ngayo kuseqhulwini.

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ugxile kwezoLimo ezisafufusa, kanti umkhakha wezokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ngaphezu kwalokhu okwenzayo uphezu kwezinhlelo zama-Agriparks ezifundeni ezahlukene." kusho uXaba.

Uthe uMnyango uhlele ukuthi ukhulise isibalo sabalimi abayintsha, ikakhulukazi abalimi besifazane.

Inhloso yophiko lomnyango i-ADA ukubhekana nqo ne-Agribusiness.

I-ADA ikhathula indima enkulu ekuthuthukiseni abalimi besifazane abasafufusa.

Le nhlangano inohlelo oselube yimpumelelo ekusizeni intsha kanye nabesifazane ngokubathumela ezweni laseDenmark ukuyoqeqeshwa emkhakheni wezolimo kanye nezemfuyo, nendlela okumele basebenze ngayo ekukhuliseni amabhizinisi abo.

UNgqongqoshe uphinde wancoma uNksz Busi Lubanyane, ongomunye wosomabhizinisi besifazane ohwebelana namazwe aphesheya kwezilwandle okubalwa kuwo i-United States of America, bese kuba ngamanye amazwe ase-Europe nase-Far East.

Ukhiqiza uhlobo lamakinati aphambili abizwa ngama-Macadamia Nuts.

UNksz Lubanyane wawina emncintiswaneni owaziwa nge-Female Entrepreneur Awards, agqugquzelwa nguMnyango wezoLimo KwaZulu-Natali abebanjwe ngenyanga ka-Agasti.

Lo mncintiswano usube impumelelo kakhulu selokhu wasungulwa.



# UYASIMAMA UMBIDLANGO WOKUNAKEKELA ABANTU ABADALA KWIMHUBHENI LUNCHEON CLUB

Lenkulisa ithatha izingane kusekela ku-0 kuya eminyakeni eyisihlanu, kanti njengamanje isibalo sesikhuphuke safika emashumini amathathu nanye (31).

**NOKHI SIBISI**


*Beziyibhikla kanje izintokazi ezindala ezingamalungu eMhubheni Luncheon Club.*

UHulumeni waKwaZulu-Natali, phansi kohlelo olulawulwa yiHhovisi likaNdunakulu wesiFundazwe luka Operation Sukuma Sakhe (OSS), uphinde wajuba bonke oNqgongqoshe, iziNhloko zeMinyango kanye nezikhulu zayo ukuba bayobheka ukuthi umphakathi uyithola ngendlela efanele intuthuko,

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, oholwa uNgqongqoshe uNkosikazi Weziwe Thusi, wona ubujutshwe ukuba uhambele umphakathi waseWembezi ku Wadi 7 phansi kuka Masipala Imbabazane.

Izindawo ezihanjelwe kanye nama project avakashelwe kube Ubuhle Crèche noMhubheni Luncheon Club, exhaswe yiloMnyango. IMhubheni Luncheon Club yaqalwa ngumama wakulendawo, uNkosikazi Doreen Zwane.

Ngokusho kukaNkosikazi Zwane uthi ubonga kakhulu eMnyangweni ngokuba umphakathi wangakubo ungasali ngaphandle ezinhlelweni zentuthuko ezilethwa nguHululumeni walesiFundazwe, ikakhulukazi kubantu abadala ngoba bangabantu akade benganakwa ngaphambilini, futhi beyizisulu zodlame, ukuhlukunyezwa ngomoya kanye nokudlwengulwa.

Uthe wakubona kukuhle futhi kufanelekile ukuthi ogogo nomkhulu bahlangane bazofundisana ngemisebenzi yenzandla, bathola nethuba lokuzivocavoca, bacule, baphinde bathole nokuya ngasethunjini.

Bangamashumi amahlanu nambili (52) abantu abadala ababhalisile kulenhlangano kuphinde kube nabangamashumi amane nantathu (43) abafika esikhungweni nasemihlanganweni.

UNkosikazi Zwane uchaze wathi: "Lesi sikhungo siwusizo kakhulu emphakathini.

Kulesikhungo asihlali phansi siyatshala kodwa ingxaki sihlushwa imfuyo ebuye ibhuqabhuqe esikutshalile.

"Enye inselelo esibhekene nayo ukuthola amanzi, ngakho-ke siyacela ukuthi uHulumeni asisize ngoba kumanje kumele sithwale amabhakede sithutha amanzi kanti sesibadala ukuthi singenza lokho," kuqhuba uNkosikazi Zwane.

Inhloko yomNyango wezemiDlalo nokuNgcebeleka, uNkosikazi Rohini Naidoo, ukujabulele okwenziwa yilenhlangano engagcini ngokunakekela abadala kuphela, kodwa futhi ethe ngokuhamba kwesikhathi yabona ukuthi kunogogo abafika nabantwana abancane ngenxa yokuthi abanayo indawo abazobashiya kuyo.

Ngokohlelo luka-OSS, uNkosikazi uNaidoo uyena ojutshwe ukuthi asebenzisane noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, obethathwe omunye umsebenzi.

Loku kuholele ekutheni kusungulwe inkulisa eyaziwa ngokuthi Ubuhle Creche ukuze izingane nazo zikwazi ukubhekeka bangancishwa nethuba lemfundo yamabanga aphansi njengoba ngonyaka ka-2010 lenhlangano yavula inkulisa eyaqala ngezingane eziyishumi nesithupha.

Lenkulisa ithatha izingane kusekela ku-0 kuya eminyakeni eyisihlanu, kanti njengamanje isibalo sesikhuphuke safika emashumini amathathu nanye (31).

Ubuhle Creche bamukeliswe izitulo zokuhlala odado kanye namanye amathoyizi okudlala.

Ukuba khona kwalenkulisa kuphinde kwaveza amathuba emisebenzi khona endaweni. Indawo yokugcina ekuhlanganelwe kuyo ilapho umphakathi kanye noMnyango kuhlanganiwe ukuzobonisana ngezinkinga abanazo (community dialogues).

Akuphelanga lapho, lenhlangano iphinde ibhekelele nabagulayo, izingane eziyizintandane ezidlula zithole okuya ngasethunjini uma ziphuma ezikoleni okubalwa kuzo esaseShiyabazali, eMasimini, eMagogogweni, eMatsheyitshe kanye naseCabazini.

Lesi sikhungo siyintokozo enkulu kubantu bakuleyandawo siphinde sivikele abantu abadala ekuhlukunyezweni.

Bayafundiswa nangemigudu ekumele bayilandele uma benezinkinga zokuhlukumezela,

UNkosikazi Naidoo uthe: "Siyabonga kakhulu ngokuzimisela kwenu ninakekelane njengomphakathi nitshale nenze nemisebenzi yezandla emihle kangaka."

Kulomhlangano umphakathi uncomile lapho kufanele khona kodwa bezwakalisa futhi ilaka labo kulokho abebekhala ngakho kakhulu izindlu kanye nezindlu zangasese.

UMnyango uthembisile ukuthi uzokulungisa okuqondene nawo kuthi ezinye izikhalazo uzidlulisele emiNyangweni efanele.


*INhloko yoMnyango wezeMidlalo nokuNgcebeleka, uNkosikazi Rohini Naidoo (owesibili kusukela kwesokunxele), iPhini leMeya yaseMbabazane, uKhansela Mkhize noNkosikazi Zwane benikezela ngamathoyizi okudlala odado.*



*Lapha uNondumiso Mchunu (30) osebenzela isikhungo soMnyango esibizwa nge - Isikhowe Juncao Mushroom Centre (IJMC) ese Cedara uchazela uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnu. Cyril Xaba, ngemicikilisho ayilandelayo uma enza i-"cloning" yamakhowe ukuze kwande imbewu yokuwakhiqiza. I-IJMC inguphiko lwe-Food and Nutrition Security (FNS) esekhaleni lomkhankaso wokuhlinzeka ukudla okwanele kwizakhamuzi zesiFundazwe saKwaZulu-Natali.*

# USENGUNGOTI WOKUKHIQIZWA KWEMBEWU YAMAKHOWE OYISWE NGUMNYANGO UKUYOFUNDA ECHINA

Esikhathini engisichithe eChina ngiqeqeshwe ngokujulile ekuxebuleni ngobunyonincu isicubu esithile esikhoweni esimumethe ulibo-fuzo (DNA) nesibizwa nge 'mother spawn'.

**BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE**

Eminyakeni engaphezu kweyishumi edlule, uNondumiso Mchunu (30) ubelahlekelwe yithemba ngekusasa lempilo yakhe. Ubesebona umsebenzi wakhe wasegaraji wokuthela uphethilomu ezimotweni zabantu kuyiyona ndlela yokuziphilisa yena kanye nezingane zakwabo eziyisithupha.

Kepha ithuba lokuqashwa njengetoho eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ngonyaka ka-2009, lavulela le ntokazi ithuba lokuyoqeqeshwa eChina lapho ibuye khona nolwazi eluyenza ibe ungoti emkhakheni wezesayensi yokulumbanisa izithako ezithile eziphenduka zibe yimbewu yamakhowe.

Namuhla ulwazi lukaNondumiso oyisakhamuzi sase Howick West alusagcini ekubuzeni ukuthi "uphethilomu oluhlaza noma obomvu yini?" kepha selwandele emagameni esayensi adidayo afana no 'spawn', inoculation, sterilisation, incubation, colonisation kanye no contamination njengoba esebenza njenge-laboratory technician ezinze kwi - ISikhowe Juncao Mushroom Centre (IJMC) eCedara.

UNondumiso uthi ukuqashwa kwakhe nguMnyango ngoMeyi wonyaka ka-2009 kuze noguquko abengakaze alucabange ukuthi lungamehlela njengoba esedlala indima ebaluleke kakhulu emsebenzini wokukhiqiza amakhowe ayi- oyster (pleurotus ostreatus).

La makhowe anguhlobo oluvumelanayo namazinga okufudumala aseNingizimu Afrika kanti futhi kulula ukuba angakhiqizwa yizikhungo eziwadayisela umphakathi emva kokuba esedlulile e-laboratory.

Okwamanje lesikhungo esiseCedara siphakela umkhiqizo waso izikhungo ze-IJMC esiseMtubatuba eDukuduku, KwaDindi eMgungundlovu kanye naseDlondlobala eMtshezi.

Lezi zikhungo zona zibe sezidayisela imiphakathi eyakhelene nazo.

Amakhowe ayingxenye yohlelo loMnyango lwe-Food and Nutrition Security (FNS) olubhekene ngqo nomsebenzi wokuqhamuka namaqhinga ayizixazululo zokuhlehlisa nyova ingwadla yendlala ehlasele isiFundazwe saKwaZulu-Natali kanye nokuhlinzeka amakhono okutshala ukudla okwanele nokunomsoco kwizinkulungwane zezakhamuzi ezibhekene nenkinga yenkemane.

UNondumiso ukuthi ngenxa yokukhuthala kwakhe abaphathi bakhe babona ukuthi angaba wusizo uma engasebenza njengomsizi e-laboratory.

"Ngiqale ngisebenza njengomsizi wama technician amabili e-laboratory, kepha esikhathini esingangeminyaka emibili omunye wama-technicians uthole umsebenzi kwenye indawo kwathi owesibili wathathwa olunye uphiko lomNyango nokuholele ukutheni ngizithole sengisele ngedwa e-laboratory," kusho uNondumiso.

Ngenxa yalesi simo abaphathi be-IJMC babona kufanele ukuba uNondumiso athunyelwe unyuvesi yase China ebizwa-Fujian Agriculture and Forestry University (FAFA) eseFuzhou okuyinhloko-dolobha yeFujian Province lapho aqeqeshewa khona kwi-Juncao Mushroom Training Course.

"Esikhathini engisichithe eChina ngiqeqeshwe ngokujulile ekuxebuleni ngobunyonincu isicubu esithile esikhoweni esimumethe ulibo-fuzo (DNA) nesibizwa nge 'mother spawn'.

Ngifundiswe ukwenza 'i potato agar' okungukubilisa izambane kanye kanye ne mpuphu ka-jelly bese kuthi amanzi asala lapho apholiswe ukuze abumbane abe yisithikithiki," kusho uNondumiso.

Uma isiphole kahle lengxube, uNondu uthi ube eseyilumbanisa (inoculate) ne mother spawn emshinini ongangenwa ngamagciwane (sterilised) obizwa nge-Lamina Flow ngaphambi kokuba ayigqume (incubate) kumshini okwazi ukugcina amazinga okushisha elawulekile ngaso sonke isikhathi.

Konke akabe esekwenza emva kwalokhu ukuhlola ukuba lengxube ayingenwanga yini ngamagciwane (contaminated) ngephutha nokuthi nokuthi i mother spawn iyakhula yini yande kulengxube (colonisation) nokulindeleke ukuba kwenzeke ngokuphelele ezinsukwini eziyisikhombisa.

"Ngaphambi kokuba ngiye eChina, i-IJMC ibinganabo ubuchule bokuzilumbanisela lesigaba sokuqala sokusungula imbewu yamakhowe ebizwa nge primary noma i-mother spawn.

Bekumele silinde i-mother spawn exutshwe eChina. Lokhu bekuphoqa ukuthi uhlelo lomkhiqizo wamakhowe lujame kusalindiwe.

Kanti njengoba selokhu abuya eChina, uNondu uthi iketanga lomkhiqizo alisami kanti isikhathi nemali ebichithwa nguMnyango kulindwe ingxube evela kwelamaShayina ebekuhlala kunobungozi ukuthi ingangenwa ngamagciwane noma ilimale endleleni sekuxazululekile.

"I-primary spawn esetshenziswayo isihlala kungentsha njalo netholakala noma yinini uma idingeka," kusho uNondumiso.

Le ntokazi eqede umatikuletsheni ngonyaka ka-2002 kepha yangakwazi ukuziyisa enyuvesi ithi ilangazelela ukuzitholela umyezane emkhakhani we Plant Pathology noma i-Horticulture emva kokuba seyikwazile ukufukula ezinye zezingane zakwabo esezihlomule ngemiyezane yemfundo ephakeme manje.

"Omunye umfowethu usesebenza njenge-Land Surveyor, omunye usanda kuphothula izifundo ze-Information Technology kanti ababili bafunda umatikuletsheni kulo nyaka," kuphetha uNondumiso.



# KUBUNJWA ABANTU ABASHA NGENKAMBU

Noma intsha isabhekene nezinselelo eziningi ezweni kodwa igalelo lalenkambu ka-2015 libe likhulu ezimpilweni zethu.

**SBONELO RADEBE**

Inyanga kaMfumfu (October) ingenye yezingeke zilibaleke etsheneni engamakhulu amabili namashumi amahlanu (250) yakulesifundazwe saKwaZulu-Natali ebiyingxenye yenkambu yentsha -iYouth Camp - ebiseMthunzini ogwini oluseNyakatho yesifundazwe.

Lenkambu ewuhlelo lukazwelonke yenziwa minyaka yonke ngalesikhathi sonyaka selokhu kwasukela ngonyaka ka-2012.

Inkambu yalonyaka ibisesiqiwini senhlangano i-Ezemvelo Wildlife kusukela ngomhlaka 3 kuya ku-10 kwephezulu.

Intsha eba yingxenye yaloluhlelo ihlonzwa ngokwezinhlelo ezibekiwe, ezihlanganisa ukuphakanyiswa kwamagama omasipala bezifunda kanye nezinhlangano zomphakathi.

Isiqubolo salonyaka sithi “Learn, Lead, Serve” okungukuqhakambisa ukufunda, ukuhola nokusebenzela abantu.

Intsha ephakathi kweminyaka yobudala engu15 no 23 ifundiswa izinto ezikhuthaza ubunye nokuzwana kwezinhlanga nokubekezelelana kwabo bonke abantu.

Lokhu kwethenjwa ukuthi kuzobenza bakhule babe ngababaholi abaqotho nabathanda izwe labo.

Omunye wabantu abasha abahambele loluhlelo, uMfundo Shezi (20) wase Harry Gwala, osebuya okwesibili kulenkambi uthe ukubamba iqhaza kuloluhlelo kube nomthelela ezimpilweni zabo.

‘’Noma intsha isabhekene nezinselelo ezinigi ezweni kodwa igalelo lalenkambu ka-2015 libe likhulu ezimpilweni zethu.

Ngonyaka odlule kuyo lenkambi ngangiyilunga leqembu ama-Grey Elephants kanti saphuma isishiyagololunye ekuphetheni kodwa kulonyaka yibona okube ongoti balenkambu njengoba bephumelele esikhundleni sokuqala okubonisa intuthuko nesasasa elikhulukazi kulenkambu,” kusho uMfundo.

Elinye lamalunga abonise ukuzikhandla kulenkambu uma kuncintiswana, uNikkita Norgy (16) wakuMasipala waseThekwini uphawule kwinkundla yokuxhumana ekhasini lakhe ku-facebook esho etusa lelithuba abalihlinzekiwe.

‘’Bekungelinye lamaviki anohlonze esengike ngaba nawo esikhathini eside.

Ngihlangane nabantu abasha, ngenza abangani abasha, ngazakhela igama futhi ngashintsha nemicabango yami manje sengikhululekile ngalokho.

Ngiyabonga kuMnyango weZemidlalo nokuNgcebeleka ngalelithuba,” kuchaza uNikkita.

Ngesikhathi sekusele izinsuku ezimbili ngaphambi kokuba inkambu iphothulwe intsha ebilapha ithole ithuba lokuyokwenza okuthile emphakathini oseduze Obanjeni.

Lapha intsha ifike yapenda inkulisa nesakhiwo senkantolo yesizwe.

Ngaphezu kwalokhu uMnyango uphinde wanikela ngezinto eziningi kulenkulisa ezihlanganisa amathoyizi, izipontshi zokulala izingane, amatafula kanye nemifaniswano yokudlala ibhola lezinyawo nelomnqakiswano emaqemjini alapha.

Izimpahla zasenkulisa zithengwe ngokosizo lwabaxhasi abehlukene okubalwa kubona uStandard Bank, ABI Richardsbay nabanye.



*Intsha engama Trailblazers yenza izinto ezikhuthaza ukusebenza ngokubambisana. Impumeleleo yalenkambu ayingatshazwa njengoba ifakazelwe imisebenzi yayo.*

# OwezeMpilo uhlenga izimpilo zabantwana ngohlelo lokugcinwa kobisi lwebele

Akekho umntwana okumele ahlaselwe izifo ngenxa yokuthi uMama wakhe akakhoni ukumcelisa ubisi lwebele.”

Lawa kube ngamazwi kaNgqongqshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo ngesikhathi kwethulwa ngokusemthethweni uhlelo lokugcinwa kobisi lwebele i-(Human Milk Bank) e-Lower Umfolozi War Memorial Hospital.

Lolu hlelo luchazwe yiNhlangano yezeMpilo yamaZwe oMhlaba (World Health Organisation) njengolumqoka ekugqugquzeleni ukunceliswa kwabantwana ubisi lwebele, nokusiza ngokulwa nendlala kanye nokugwema ukushona kwezingane zisencane.

Ukuvulwa kwalesi sikhungo kwenza isibalo sezibhedlela ezinendawo yokugcina ubisi lwebele zifinyelele kweziyisikhombisa kulesi sifundazwe.Ekhuluma uDkt uDhlomo kulomcimbi, uDkt Dhlomo uthe: “NjengoMnyango sikholelwa ukuthi ukutshala kwethu empilweni yengane wukusimamisa ikusasa lesizwe.

Sizibophezele ekutheni senze konke okusemandleni ukusiza izingane ezinsukwini zokuqala eziyinkulungwane zizelwe.

Leso isikhathi esimqoka kakhulu ukuthi zithole umsoco zikhule zinempilo ziqinile.

“Ucwaningo luveza ukuthi ubisi lwebele yilona olumqoka kakhulu kumntwana, njengoba luqukethe umsoco. Lwenza ukuthi umtwana avikeleke nasezifweni ezihlasela umtwana uma esemncane,” kuchaza uDkt Dhlomo.

UMnyango wezeMpilo usuvele unayo indawo yokugcinwa kobisi lwebele kulezibhedlela ezilandelayo, isesibhedlela sase-Stanger,e Grey’s, isesibhedlela sase-Edendale, isesibhedlela sase-Newcastle, ise-King Edward VIII hospital kanye nase-Themba Lethu eTheklwini.

“Siyazi ukuthi izingane ezisuke zisencane zigcina zingakwazi ukuthi zincele ubisi lwebele ngenxa yezizathu ezithile.

“Siphinde sithole ukuthi uma umtwana engazange athole ubisi lwebele ezimasontweni amabili ezelwe, ikakhulukazi labo bantwana abasuke benesisindo esincane esingaphansi kuka 1.8 kg bagcina bedinga imithi ethize ukubalekelela.

Bagcina sebehlaselwa izifo kalula, nokuholela ekutheni abanye bagcine sebedlula emhlabeni,” kuchaza uDkt Dhlomo.

Uthe isinqumo sokuthi isibhedlela sase-Lower Mfolozi War Memorial senziwe kube indawo yesifunda okuzogcinwa kuyo ubisi lwebele (Milk Bank) sithathwe ngoba lesi sibhedlela sizohlomulisa sonke isifunda, okufaka phakathi uThungulu, iZululand kanye no-Mkhanyakude.

Phakathi kwezinsiza eziqukethwe yilolu hlelo kukhona:

• 1 x Human milk bank pasteurising system

• 1 x Portable Universal Power Supply (UPS)

• 1 x Freezer

Isibhedlela i-Lower Umfolozi War Memorial Hospital, kubeletha kuso oMama ababalelwa ku-10 000 ngonyaka. Lesi sibhedlela sinegumbi lokunakekela izingane ezingu-92 nelihlale ligcwele.

Lendawo enakekela izingane ihlale igcwele ngenxa yokuthi kuthunyelwa nezinye izingane ezivela kwezinye izibhedlela ukuze zizokwazi ukuthi zisizakale ngobisi lwebele olugcinwa lapha iMilk bank.

“Inhloso yethui ukuqinisekisa ukuthi akekho umtwana odlulayo emhlabeni ngenxa yokuthi uMama omzalayo akekho eduze kwakhe.”



*UNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo uthathwe lapha enenhloko yoMnyango uDkt Sifiso Mtshali kanye nabasebenzi bezempilo kulo mcimbi*

# ICULO LESIZWE ELINYE LEZIMPAWU ZESIZWE EZIHLONISHWAYO

## Ukuhlonipha okuhambisana neculo lesizwe ukugwema isiyaluyalu ngakho lapho liculwa abantu abanyakazi kanti abenzi okunye okungahambisani nesikhathi lapho liculwa

**SIHLE SIKHAKHANE**

UNgqongqoshe woMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha ugqugquzele umphakathi ukuba uhloniphe iculo lesizwe nemicimbi yemiphakathi ehlelelwe uhulumeni.

Ukhuluma kanje uNgqongqoshe vele uMnyango wakhe ngaphansi kophiko Lwemisebenzi Yokugcinwa Kwemibhalo Eyigugu unezinhlelo eziqhubekayo zokufundisa imiphakathi ngomlando nangokubaluleka kweculo lesizwe, kanjalo nezinye izimpawu ezibalulekile zesizwe.

Lokhu bakwenza ngokuthi bavakashele izikole zamazinga aphansi naphezulu befundisa izingane, kanjalo nemiphakathi ikakhulukazi uma kunemicimbi kahulumeni. Kumanje uMnyango usembhidlangweni wokufundisa imiphakathi iculo lezwekazi lase-Afrika yonkana.

Ngalokhu bazama ukulwa nesihlava sakamuva sokukhlaselwa kokufika, ngokuthi bagqugquzele ubumbano ezizweni ezahlukahlukene.

UNgqongqoshe uthe kuthanda ukuba yinkinga ukuthi kulesisikhathi esikusona kusenabantu abangakakuqondi ukubaluleka kweculo lesizwe nokuthi lisho ukuthini kithina zakhamuzi zaseNingizimu Afrika.

"Iculo lesizwe liwumkhuleko wesizwe lisisondeza khona nezinyanya zethu, kukuwena ke ukuthi izinyanya zakho ezebala lakho noma waboleka ezelinye ibala, kodwa kulapho esisondeza



*Ngqongqoshe woMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha*

khona izinyanya zethu ukuthi zisondele eduze kwethu zisikhusele kuzozonke izinto ezingaba izithiyo entuthukweni singabantu ngabodwana, singabantu siyisizwe singabantu siyi-South Africa.

Ngakho ke siyanxusa ngasosonke isikhathi ukuba masicula leliculo asilihloniphe ngoba sisuke sithandaza ngalo."

Ukuhlonipha okuhambisana neculo lesizwe ukugwema isiyaluyalu ngakho lapho liculwa abantu abanyakazi kanti abenzi okunye okungahambisani nesikhathi lapho liculwa ngoba kusuke kufana nokuthandaza khona.

"Okunye esingakwenzi ngaleliculo ikakhulukazi uma sisemicimbini efana nale, ukushaya izandla masiqeda ukulicula. Masiqeda ukucula iculo lesizwe siyama njengoba kade simile bese sihlala phansi ngesikhathi sekuthiwa asihlale phansi," kusho UNgqongqoshe.

Uphinde wanxusa abantu ukuba bayihloniphe imicimbi kahulumeni, "Sizocela ukuthi umasiza emicimbini efana nale sizame ukuthi siziphathe kahle nomangabe sikhuliswe ngolunye uhlobo kwezinye indawo kodwa masiphakathi kwabantu sizame ukuthi ngaso sonke isikhathi sikhombise ukuthi singama-Afrika sinamagugu esinawo esikhuliswa ngazo ezehlukile mhlampe kwezinye izizwe," kuphetha UNgqongqoshe.

# Inhlangano yogogo ithole izinsizakusebenza

**PHINDILE MTHEMTHWA**

Inhlangano yogogo abenza umsebenzi wezandla Isiphithiphithi ihlomule ngemishini yokuthunga ne-overlocker yohlobo ngesikhathi uNgqongqoshe uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha ehambele eNtabamhlophe.

Lenhlangano yogogo abaneminyaka angamashumi ayisithupha nangaphezulu isebenza ukuthunga izimpahla zokugqoka namaphinifa bese bezidayisa emholweni.

Njengoba labogogo besebenzela ehholo lomphakathi eNkunzini, basondelene kakhulu nezingqinamba umphakathi abakhelene nawo obhekene nazo.

Nakuba injongo yalenhlangano ukwenza ithuba lokuthi ogogo laba benze imali yokuziphilisa nemindeni yabo, abakwenzayo sekudlule kulokho.

Lenhlangano ayigcini nje ngokondla imindeni yalezaguga kuphela, kepha inzuzo abayenzayo ingenelela nasekulekeleleni umphakathi ngokufaka isandla ekondleni abantu abakhubazekile ezindaweni abasondelele nazo.

Ngokusho komphathi walenhlangano uNkk Grace Ngubane uthe bona njengogogo kuyabasiza kakhulu lokhu abakwenzayo ngoba kubagcina bematasatasa.

Ukusungulwa kwalenhlangano kuhambisana nekhwelo elashaywa kwinkulumo eyathulwa uNgqongqoshe uSibhidla-Saphetha eminyakeni eyishumi edlule eNewcastle, egqugquzela abantu abadala ukuthi bazivocavoce ukuze bagweme izifo kanti futhi benze nemisebenzi yezandla ukuze bazigcine benempilo futhi benza namasentshana eceleni.



*Isiphithiphithi semukele imishini evela kuNgqongqoshe.* ***Isithombe:*** ***PHINDILE MTHETHWA***

Ngaphandle kweSiphithiphithi, maningi amaqembu nezinhlangano ezisizakele ngokufika kukangqgongqoshe kulendawo njengoba izikhungu ezintathu zokufunda zabantwana zimukezwe ngamathoyizi okufunda nokudlala, kanjalo namaqembu akhiqiza imisebenzi yobuhlalu noNompilo bathola amathoyizi okudlala ezingane azogcinwa emtholampilo.

Ngaphambi kokwethula lezinsizakusebenza uNqgonqgoshe uhlanganyele nomphakathi wase Ntabamhlophe eDutch Community Hall ukulalela izidingo zalomphakathi nokubheka ukuthi uhulumeni angangenelela kuphi. Okugqamile njengezingqinamba ezibhekene nalomphakathi izinga eliphezulu lobugebengu, ukushoda kwamanzi, ukungabibikho kukagesi kanye nokuqhelelana nezindawo zokuthenga.




PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

We lead in **Strategic Infrastructure**

Through our transport and logistics infrastructure, we are the primary

**gateway into the rest of Africa.**

"CONSOLIDATING PROGRESS WE HAVE MADE, AND STEPPING UP THE PACE TO ACHIEVE RADICAL SOCIO-ECONOMIC TRANSFORMATION TO END POVERTY IN OUR LIFETIME"

KZN Provincial Communications_2015

# UKUGUQULWA NOKULUNGISWA KWAMA GAMA EZINDAWO

Izindawo ezingekho ngaphansi kolawulo lwePGNC, amagama ezwe, awe zifunda, omasipala bendawo, amagama emigwaqo, izakhiwo zomasipala, amapulazi, amapaki nezinye.

**GUGU XABA**

Asengaphezu kwamakhulu amabili amagama ezindawo zaKwaZulu-Natali aseguquliwe alungiswa uPhiko Lwezilimi olunga phansi koMnyango Wezobuciko Namasiko esifundazweni ngokusebenzisana nekomiti elibizwa ngokuthi iKwaZulu-Natal Provincial Geographical Names Committee (KZNPGNC).

Lelikomiti elaqokwa uNgqongqoshe lisebenza ukubhekelela ukulungiswa nokushintshwa kwamagama ezindawo eNingizimu-Afrika.

Lokhu akuyifaki imigwaqo njengoba lijutshwe ngaphansi komthetho u 2(2) we-South African Geographical Names Council (SAGNC) Act 118 of 1998 ukuthi ibhekelele izindawo kuphela. Indima ebanjwe olwezilimi ukwenza ucwaningo olujulile, ukulekelela ekufakweni kwezicelo kanye nokufundisa nokwazisa imiphakathi.

Lelikomiti iKZNPGNC lisebenza ngemigobo ye-SAGNC kwamanye amazinga ka hulumeni nokuthi bekwazi ukufinyelela emphakathini.

Umsebenzi obhekene neKwaZulu-Natal Provincial Geographical Names Committee ukululeka abaholi bendabuko, ohulumeni bezindawo kanye nabobonke ababamba iqhaza ekulungisweni kwama gama.

Baphinde beqinisekise ukuthi imigomo ye South African Geographical Names Council bayayisebenzisa omasipala nabaholi bendabuko.

Ukushintsha amagama ezindawo kusiza ekunqandeni ukuphinda phindeka kwamagama ezindawo. Isibonelo salokhu sibonakala njengasegameni ledolobha iNewcastle ekhona naphesheya kanti futhi nathi la esifundazweni ikhona iNewcastle (Madadeni), kanye neDrifontein ekhona la kanye nasesifundazweni sase Mpumalanga.

Lolu shintsho lwamagama luyasiza ekubhaleni kahle amagama; kungaba indlela afundeka ngayo noma abizeka ngayo. Isibonelo esisematheni ileso sokushintsha kwegama i-Tugela labuyekezelwa ekubeni uThukela, Izingolweni yaba eZinqoleni.

Indima ebanjwe uMnyango Wezobuciko Namasiko ekushintshweni kwamagama ukwenza ucwaningo olujulile, ukulekelela ekufakeni izicelo nokufundisa nokwazisa imiphakathi.

Izigaba zamagama alawulwa iPGNC zifaka amagama amadolobha amakhulu nama ncane, izindawo zokuhlala ezise madolobheni nase malokishini, indawo yeposi, amadamu kahulumeni, izintaba, imimfula nama chweba.

Izindawo ezingekho ngaphansi kolawulo lwePGNC, amagama ezwe, awe zifunda, omasipala bendawo, amagama emigwaqo, izakhiwo zomasipala, amapulazi, amapaki nezinye.

Ukuze uhlelo loku lungiswa kwamagama luhambe kahle ezifundeni uMphathiswa woMnyango kanye ne KZNPGNC baqoke ama komiti akomasipala bezifunda nakomasipala basemakhaya.

Abangafaka izicelo zokushintshwa kwamagama kungaba abantu inoma ubani, umphakathi, iminyango kahulumeninabanye. Kune mcikilisho okumele ilandelwe uma kufakwa isicelo sokushintshwa kwegama.*

*Iminingwano iya tholakala emahhovisi ezoLimi kulenombolo 033-897 9000.




*UThongathi elinye lamagama angu 200 ashintshiwe ngohlelo lokuguqulwa nokulungiswa kwamagama ezindawo.* ***Izithombe:*** ***MELUSI MNIKATHI***




PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

www.kznonline.gov.za

"SIDIDIYELA INQUBEKELA PHAMBILI ESESIYIZUZILE,
**NOKUKHUPHULA IZINGA UKUZUZA IZINGUQUKO KWEZENHLALO NEZOMNOTHO**
UKUZE SIQEDE **INDLALA** KULESI SIKHATHI SAMANJE"



KZN Provincial Communications_2015

# IMBEWU YOMMBILA OBEKEZELELA ISOMISO IYIMPENDULO EKULWENI NENDLALA KWAZULU-NATALI

**LONDIWE NGIDI no BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE**



*IPhini likaNgqongqoshe wezoLimo, amaHlathi nokuDoba kuzwelonke, uGeneral Bheki Cele neSikhulu esiPhezulu esigungwini socwaningo lwezolimo uDkt Shadrack Moephuli bekhombisa imbewu ekwazi ukumelana nesomiso bebambisene noNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnuz Cyril Xaba*

Akusensuku zatshwala ngaphambi kokuba imbewu yommbila ewuhlobo olukhethekile ekwazi ukubekezelela izimo zesomiso itholakale kubo bonke abalimi ngokuthi isatshalaliswe ezitolo esiFundazweni saKwaZulu Natali.

Lokhu kulandela ukuphothulwa kocwaningo lokuvivinya impumelelo yalembewu ebizwa ngo WE3127 oseluthathe iminyaka emithathu nobelwenziwa yi-Grain Crops Institute (GCI) enguphiko lwe-Agricultural Research Council (ARC) ngokubambisana nomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eziFundeni ezahlukene zaKwaZulu Natali.

UDkt. Shadrack Moephuli oyisikhulu esiphezulu se-ARC uthe abaluleki bomNyango waKwaZulu Natali bazonikwa amasaka ale mbewu alinganiselwa ku 10 000 ukuze baqhubeke nokuyitshala nakwamanye amasimi abalimi abasebenzisana nabo.

Uqhube wathi le mbewu, esinikezelwe ezinkampanini zakwa-Capstone Seeds kanye ne-Germat Seeds ukuba ziqalise ukuyikhiqiza, ziyimakethe ziphinde ziyisabalalise KwaZulu-Natali noMzansi Afrika wonke, ilindeleke ukuba iguqule indlela okulinywa ngayo ngaphansi kwezimo zesomiso iphinde iqinisekise ukuthi kunokudla okwanele, ilwisane nendlala, ivule amathuba emisebenzi, inyuse nesimo somnotho.

UMnuz Eric Ndou oyi-Chief Research Technician yakwa-ARC-GCI uthe ucwaningo lokusungula nokuvivinya kwale mbewu ekwazi ukumelana nesomiso luqaliswe ngonyaka ka-2010 ezikhungweni zocwaningo emva kokubonakala ukuthi iKwaZulu Natali kanye noMzansi Afrika ibihlaselwa yingcindezi ekhulayo yesomiso ngenxa yokugqoza kwezimvula nokuncipha komthamo wamanzi emifuleni nasemadamini.

Lokhu kusweleka kwamanzi kube nomthelela omubi kakhulu emthamweni womkhiqizo wezolimo, kwanyusa inani lemindeni elala ingadlile yafinyelelela ku-3.1 million lehlisa nomnotho wesiFundazwe kanti izindawo ezihlukumezeke kakhulu kube yilezo eziseNyakatho nasenkabeni yaKwaZulu Natali.

UNdou okunguye obehola lolucwaningo lokuvivinya lembewu uthe ummbila wakhethwa ukuba uvuvinywe ngoba ungukudla okudliwa mihla yonke eMzansi Afrika, ikakhulukazi emindenini edla imbuya ngothi, nokuwenze ubonakale uyimpendulo kwingwadla yendlala edalwa yilesi somiso.

"Emva kokuphothula ucwaningo-sivivinyo lwase laboratory sibe sesiqalisa amalinge emasimini abalimi abasafufusa abehlukene kusukela ngonya ka-2012 ezindaweni ezingaphansi kwengcindezi yesomiso okubalwa kuzo uMsinga, iNquthu, KwaNongoma, iNkandla kanye noMdlovana," kusho uNdou.

Uthe inhloso enkulu yokusungulwa nokuvivinywa kwalembewu bekuwukuqinisekisa ukuthi ikwazi kangakanani ukubekezelela izimo zesomiso kanye nokukhombisa abalimi ukuthi ngokutshala loluhlobo lwembewu bangakwazi ukuvuna umthamo othize wommbila noma ngabe izimo zesomiso zinzima kangakanani.

Uqhube wathi ucwaningo lwabo belugxile kwizinhlobo zembewu ezimbili okuyi-WE3127 ne-WE3128 kepha imbewu ekhombise amandla okubekezela nekhiqize umthamo wesivuno othe xaxa kunenye eziFundazweni ezahlukene zaseMzansi Afrika kube yiyo i-WE3127.

"Njenge-ARC-GCI sigculisekile ngemiphumela yocwaningo lwezivivinyo zalesi sigaba eyenziwe KwaZulu Natali, Limpopo, Mpumalanga, Free State, North West kanye naseNorthern Cape.

Sesizogxila kucwaningo lokuthuthukisa lembewu kanye nemiphumela yayo," kusho uNdou.

> Emva kokuphothula ucwaningo-sivivinyo lwase laboratory sibe sesiqalisa amalinge emasimini abalimi abasafufusa abehlukene kusukela ngonya ka-2012

agriculture
& rural development
Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



UMNUZ CYRIL XABA
UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA, KWAZULU-NATALI
Ngokubambisana sesenze iKwaZulu-Natali yaba isiFundazwe esingcono ukuphila kuso.

LETHWESE IHLOBO, PHEZU KOMKHONO!!
•INTWASAHLOBO ISHO UKUTHI MAKUBUYELWE EMASIMINI.
•UMNYANGO WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA UFUNA IKWAZULU-NATALI IBE INGQAYIZIVELE KWEZOLIMO.



00129_(DARD)_Design by Communication Services